REMARKS BY ETHEKWINI MUNICIPALITY DEPUTY MAYOR, CLLR ZANDILE MYENI AT THE ANNUAL UMNINI SCHOOLS AWARDS, 17 FEBRUARY 2023

- Mphathi Wohlelo
- Inkosi uLuthuli, Ndabezitha!
- Amakhansela
- Izinduna zonke eziphakathi kwethi
- Isizwe sakwaLuthuli
- Bafowethu noDadewethu

Sanibonani

Kuyintokozo enkulu ukuthi singuMkhandlu weTheku sibe yingxenye yalomcimbi kaNdabezitha obizwa ngokuthi i- Annual Umnini Schools Awards.

Kuyasijabulisa kakhulu Ndabezitha ukuthi isizwe sakho sinokubambisana okuhle nohulumeni, ikakhulukazi uMkhandlu weTheku ekuletheni intuthuko

kulendawo. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi singuhulumeni oyihloniphayo indlu yobukhosi ngoba ayikho into uhulumeni angayenza ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya ngaphandle kokubambisana naMakhosi.

Sifisa ukuthatha lelithuba silubonge loluhlelo oluhle kangaka lokubungaza izingane nezikole ezenze kahle ezifundweni zazo zikamatekuletsheni. Siyafisa ukuthi sengathi namanye amaKhosi angalandela ezinyathelweni zakho Ndabezitha kukhuthazwe izingane ezenza kahle ezikoleni nasemphakathini. Lokhu kungahamba ibanga elide ekuletheni uzinzo, intuthuko nenqubekela phambili emiphakathini yethu.

Lomcimbi wakulonyaka ubaluleke kakhulu Ndabezitha ngoba sibungaza izingane ebezibhekene nenkinga enkulu njengoba sazi ukuthi ngonyaka ka-2020 saba nesifo se COVID-19. Ngalesosikhathi lezizingane zazenza uGrade 10. Zathi sezika Grade 11, kwaba nezibhelu zika June 2021 (civil unrest). Kuthe sezikumatekuletsheni sahlaselwa izikhukhula zika April 2022. Zonke lezizigigaba zibe nomthelela ongemuhle emfundweni.

Ngenxa yokuzimisela nokuzibophezela, lezizingane zikwazile ukudlula kubona bonke lobubunzima. Okusijabulisa kakhulu ukuthi isifundazwe sethu

sikwazi ukunyusa izinga lemiphumela ibe ngaphezulu kuka 80%, yize kade zibhekene nalengwadla yezikhukhula.

Lemiphumela kufanele isikhuthaze sonke ukuthi sifake igxalaba ukuze labafundi abaphumelele bakwazi ukuqhubeza izifundo zabo ezikhungweni zemfundo ephakeme.

Ingakho isenzo sakho Ndabezitha sokunikeza izingane eziphumelele ngamalengiso imifundaze sisishayela ihlombe. Lokhu kuthumela umyalezo ocace bha kubantu ukuthi ukwakha nokuthuthukisa isizwe kuyijoka lethu sonke.

Ingakho nathi singuMkhandlu weTheku sihlinzeke ngemali engaphezulu kuka R10 million kulonyaka wezimali ukunikeza abafundi imifundaze ezikhungweni zemfundo ephakeme. Lemali iphinde ilekelele abafundi ngemali yokubhalisa besalindele izicelo zabo zoxhaso lwezimali ku NSFAS.

Loluhleloke luyamenyezelwa umkhandlu njalo uma seluzoqala ngasekupheleni konyaka.

Siyaninxusake bafundi ukuthi uma senilutholile loluxhaso lwemifundaze, zimiseleni emsebenzini wesikole ukuze nizophasa nibuye nizotakula imindeni yenu osizini.

Siyazi sonke ukuthi imfundo isona kuphela isikhali esinaso sokulwa nobubha nendlala.

Ngalamazwi Ndabezitha sithi asikuhalalisele ngomsebenzi omuhle owenzela isizwe. Nathi singuMkhandlu weTheku sizoqhubeka nokusebenzisana nawe ukuze sakhe impilo engcono esizweni saseMathulini.

Ngiyabonga